
# ITHEMU 3 IZINDABA






Ijazi lami! 1



Ibhulukwe elihle kakhulu 15



Indaba kagogo 29



Isobho lamatshe likagogo 37



Masidlale iBhathi 51



Lethwese ihlobo 63



Igama lami nguBuhlebendalo 77



Isikibha sikaNhlakanipho esisha 91

INDABA 1

# IJAZI LAMI!



## Indikimba: Izimpahla zethu



### Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi baqonde ukuthi izingane ziyakhula bese zishiya izimpahla zazo. Esikhathini esiningi, uma ingane ikhula ishiya impahla yokugqoka, leyompahla idluliselwa ezinganeni zakubo ezincane ukuze zigqoke. Kuyaye kube nzima uma sishiya ingubo esiyithandayo – bese sibona enye yezingane zakwethu seziyigqokile!



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ebusika, sigqoka izinhlobo ezikhethekile zezingubo ukuze sifudumale, njengezigqoko, amajezi, amajazi namasokisi.
- Izingane zihlale zikhula njalo, futhi njengoba zikhula zishiya izimpahla zazo.
- Izimpahla ezincane kakhulu ziyampintsha futhi uzizwe ungakhululekile, kanti kuba nzima nokunyakaza uma sizama ukuzimpintsha kuzona.
- Kwesinye isikhathi izingane enzincane zigqoka izimpahla ezizambulelwe izingane zakubo ezindala.



### Isu lokuqondisisa: Buka ngeso lengqondo

- Kuyini: Ukwakha isithombe emqondweni ngalokho okwenzekayo endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwenza indaba izwakale iyikho futhi ibe nentshisekelo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza uqonde ukuthi abalingiswa nezindawo babukeka kanjani futhi kwenza indaba ibonakale icace bha.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 4,1 | UMatshepo wavuka embhedeni. Wagqoka ibhulukwe lakhe. Wafaka ihembe nejezi. Wafaka amasokisi nezicathulo. Wathwala nesigqoko esinoboya. | Ngiyambona uMashego ngamehlo engqondo ezama ukugqoka masinyane ngoba egodola! |
| 10,3 | “Matshepo, wenzani kulezo zimpahla ezindala?” kubuza unina. “Lezo zimpahla azisakulingani!” | Ngiyazibona ngamehlo engqondo izimpahla ezincane, ezimpintshayo zibukeka njengezesiwula kuMatshepo. |

UMatshepo wavuka ngoMgqibelo ekuseni eqhaqhazela. “Eshi! Sekusebusika manje!” kucabanga yena. “Sengizokwazi ukufaka ijazi lami engilithandayo!” esho emoyizela uMatshepo ngenkathi ecabanga ngejazi lakhe elihle. Lalinombala ophuzi nezimbali ezibomvu yonke indawo. Lalinezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane. Lalifudumele futhi linoboya ngaphakathi.



UMatshepo wavuka embhedeni.
Wagqoka ibhulukwe lakhe.



Wafaka ihembe nejezi.

Wafaka amasokisi nezicathulo.

Wathwala nesigqoko esinoboya.

Ngemuva kwalokho, wasuka waya ewadilophini lapho unina egcina khona amajazi asebusika. Ijazi lakhe alithandayo lalingekho!

“Mama!” kumemeza uMatshepo. “Likuphi ijazi lami?” Nokho akekho omphendulayo.



UMatshepo waphumela phandle. Utshani obabunesithwathwa babunamathele ezinyaweni zakhe. “Mama!” kumemeza uMatshepo. “Likuphi ijazi lami?” Nokho akayitholanga impendulo.



UMatshepo wavula umnyango wasekhishini. “Mama!” kusho uMatshepo ehleba, “likuphi ijazi lami?” Kodwa-ke akayitholanga impendulo.



“Mhlawumbe umama unoMam’uTsiki,” kucabanga uMatshepo. Nokho ngaphambi kokuthi afike emzini kaMam’uTsiki, wabona udadewabo omncane uFelleng egijima eqonda ngaphandle. UFelleng wayefake ijazi elihle elinombala ophuzi nezimbali ezibomvana nezibomvu, kanye nezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane. “Hheyi! Ijazi lami!” kucabanga uMatshepo.



Waya ekamelweni wavula iwadilophu kaFelleng phezulu. UMatshepo wathola ingubo yakhe endala eluhlaza njengo tshani enemigqa ebomvu.





“Hheyi!” kucabanga uMatshepo, “ingubo yami lena!” Wayikhipha ewadilophini wayigqoka. Yezwakala impintsha!

Wavula idilowa lesithathu. Wathola ibhulukwe lakhe eligqamile elaliluhlaza okwesibhakabhaka. “Hheyi!” kucabanga uMatshepo, “ibhulukwe lami leli!” Walikhipha ewadilophini waligqoka. Walizwa liyamumpintsha! Wayengakwazi nokulifasa izinkinobho.

UMatshepo wazama ukuvula idilowa lokugcina kodwa wehluleka ukugoba ngenxa yezimpahla zakhe ezimumpintshayo. Ngaleso sikhathi, kwangena unina ekamelweni. Unina waqala ukumhleka. “Matshepo, wenzani kulezo zimpahla ezindala?” kubuza unina. “Lezo zimpahla azisakulingani!”



“UFelleng untshontshe zonke izimpahla zami!” kusho uMatshepo. “Uthathe ngisho nejazi lami engilithandayo imbala!”

“O, Matshepo,” kuphendula unina, “ngimuphe zona! Uyakhula wena!” Unina kaMatshepo wavula endaweni yokugcina izimpahla wakhipha isikhwama sepulasitiki. Wasinikeza uMatshepo.



UMatshepo wavula isikhwama wakhipha ijazi elisha sha. Lalinombala oluhlaza okotshani kanye nezinkanyezi eziphuzi nezibukhwebezane. Lalinezinkinobho ezinkulu ezibomvu. Lalifudumele futhi linoboya ngaphakathi. Kwakuyijazi elihle kakhulu kunamanye amajazi uMatshepo ake waba nawo! Waligqoka. Lalimhlala kahle futhi limfanela.



Ngakusasa, uMatshepo wagqokela ukuya esontweni. Wagqoka ijazi lakhe elisha sha, waphumela phandle. UFelleng wambuka. “Ngifuna lelo jazi!” kusho uFelleng. “Angikaze ngilibone ijazi elihle kangaka!”

UMatshepo wabeka isandla sakhe ehlombe likadadewabo. “Ungakhathazeki, Felleng. Ngolunye usuku liyoba ngelakho!”





Ukufunda 1

**Lalibukeka kanjani ijazi elidala likaMatshepo?**
- Laliphuzi linezimbali ezibomvu yonke indawo.
- Lalinezinkinobho ezinkulu ezibukhwebezane.

**Lalibukeka kanjani ijazi likaMatshepo elisha?**
- Laliluhlaza okotshani linezinkanyezi eziphuzi nezibukhwebezane.
- Lalinezinkinobho ezinkulu ezibomvu.

**Kungani uMatshepo ayebiza udadewabo ngesela?**
- Ngoba udadewabo wayefake ijazi lakhe elidala.
- Ngoba wayengazi ukuthi unina unikeze uFelleng ijazi.
- Ngoba wayecabanga ukuthi uFelleng untshontshe ijazi lakhe alithandayo.
- Ngoba wayengaboni ukuthi ijazi lase lilincane kakhulu kuye manje!
- Ngoba wayengazi ukuthi unina wayemthengele ijazi elisha.



Ukufunda 2

**Watholani uMatshepo ewadilophini kaFelleng?**
Wathola ingubo yakhe eluhlaza okotshani enemigqa ebomvu, ijezi lakhe elibomvana, kanye ngebhulukwe lakhe eligqamile eliluhlaza okwesibhakabhaka.

**Kwenzekani ngenkathi unina kaMatshepo embona egqoke zonke izimpahla zakhe ezindala?**
Waqala ukumhleka.

**Kungani uMatshepo atshela udadewabo ukuthi ngolunye usuku ijazi lakhe elisha kuzoba ngelakhe?**
- Ngoba wayebona ukuthi uFelleng unezimpahla zakhe zonke ezincane.
- Ngoba wayebona ukuthi unina unikeza uFelleng izimpahla zakhe ezindala.
- Ngoba wayebona ukuthi wayekhula, kanti ngolunye usuku zonke izimpahla zakhe zizoba zincane.
- Ngoba uyazi ukuthi ngolunye usuku ijazi lakhe elisha lizommpintsha.

INDABA 2

# IBHULUKWE ELIHLE KAKHULU

Indikimba: Izimpahla zethu





## Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi izingane ziyakhula bese zishiya izimpahla zazo – njengendaba yesonto elidlule ethi: "Ijazi ngelami." Kuzo zombili izindaba, abalingiswa abakhulu bashiya izimpahla ababezithanda. Ekugcineni, bobabili bathola impahla entsha abayithandayo.



## Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Izingane zihlale zikhula, futhi njengoba zikhula ngamandla zishiya izimpahla zazo.
- Izimpahla ezahlukene zilingana futhi zizwakale ngendlela ehlukene emzimbeni (ziyampintshana, ziyakhulula, ziqine, zithambe). Izimpahla zenziwa ngezinto ezahlukene ezithinta indlela ezizwakala ngayo.
- Izitolo zinamagumbi okulinganisela lapho ungalinganisa khona izingubo ngaphambi kokuzithenga, ukuze uqiniseke ukuthi ziyakulingana futhi uyayithanda nendlela ezibukeka ngayo nezizwakala ngayo.
- Kujwayelekile ukushintsha izinto esizithandayo njengoba sikhula bese sizama izinto ezintsha.



## Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 17,1 | Nokho iqiniso wukuthi ibhulukwe lakhe lalingasamlingani. Kwase kuphele izinyanga eziningi ezama ukuzimpintsha kulona. Kwaze kwathi ngolunye usuku kwagqabuka inkinobho. | Ngingaxhumanisa phakathi kwezindaba zethu ezimbili. Bobabili uFadzi noMatshepo sebekhulile izimpahla zabo abazithandayo azisabalingani. |
| 18,1 | USazi wazama ukufihla kodwa ngenkathi unina ekubona lokhu, waqala ukumhleka. “Sekuyisikhathi sokuthi uthole ibhulukwe elisha!” kusho unina. | Ngingaxhumanisa phakathi kwezindaba zethu ezimbili. Bobabili omama bakaFadzi noMatshego bayahleka uma bebona izingane zabo zizama ukuzimpintsha ngezimpahla ezingasabalingani. Bayahleka hhayi ngoba bengenamusa, kodwa ukubonisa ukuthi ingane ibukeka ihlekisa uma izama ukuzimpintsha empahleni esincane kakhulu. |

USazi wayezizonda izimpahla ezintsha. Wayethanda izimpahla zakhe ezithambile, ezimhlala kahle ezasezidabukile futhi seziwashwe isikhathi eside. Nokho iqiniso wukuthi ibhulukwe lakhe lalingasamlingani. Kwase kuphele izinyanga eziningi ezama ukuzimpintsha kulona. Kwaze kwathi ngolunye usuku kwagqabuka inkinobho.



USazi wazama ukufihla kodwa ngenkathi unina ekubona lokhu, waqala ukumhleka.

"Sekuyisikhathi sokuthi uthole ibhulukwe elisha!" kusho unina.



Emuva kwezinsuku ezimbalwa, ngenkathi uSazi noyise beya ezitolo, wayengeneme indlela yonke. “Angilifuni ibhulukwe elisha!” kucabanga uSazi.



Uyise kaSazi wamsiza ukukhetha amabhulukwe ahlukahlukene amlinganayo. Waya nawo egunjini lokulinganisa izimpahla.

“Ngizokulinda lapha ngaphandle. Ungazise uma uthola ibhulukwe olithandayo,” kusho yena.



USazi waqala ngokulinganisa ibhulukwe elimnyama elalilihle.

“Mhlawumbe alilibi kangako,” kucabanga yena ngenkathi elikhipha ehengeni lezimpahla. Nokho-ke ngenkathi elilinganisa, indwangu yalo yayingamhlali kahle. Yayizwakala imaholoholo futhi ihwaya isikhumba sakhe esithambile.

“Angilifuni ibhulukwe elisha!” kucabanga yena.



Ngemva kwalokho, uSazi walinganisa ijini esesitayeleni eluhlaza okwesibhakabhaka.

“Mhlawumbe ngizobukeka ngimuhle uma sengiyigqokile!” kucabanga yena ngenkathi eyikhipha ehengeni lezimpahla. Nokho ngenkathi eyilinganisa, indwangu yayo wayizwa iqinile. Wazizwa engakwazi nakunyakaza. Ngenkathi ezama ukuqoshama, ibhulukwe lamsika okhalo.

“Angilifuni ibhulukwe elisha!” kucabanga uSazi.



Emva kwalokho, uSazi walinganisa ibhulukwe elinombala obomvu ngokugqamile.


“Mhlawumbe leli lizongihlala kahle,” kucabanga yena ngenkathi elikhipha ehengeni. Kodwa-ke ngenkathi elilinganisa, lezwakala lixega kakhulu. Lalizwakala lisinda. Futhi wayekhathazeke ngokuthi lizowa uma egijima noma edlala elifakile.

“Angilifuni ibhulukwe elisha!” kucabanga yena.



“Kwenzekani lapho?” kubuza uyise kaSazi ememeza engaphandle kwegumbi lokulinganisa izimpahla.

“Angilitholi ibhulukwe engilithandayo,” kusho yena, egqoka ibhulukwe lakhe elidala elimhlala kahle.



Ngenkathi uSazi eya kuyise, wamfica emi eduze kweziketi ezinezimbali. Ubuso bukaSazi baqala ukujabula. “Zinjani lezi?” kubuza yena. “Ngingazilinganisa neziketi?”

“Uzithanda ukudlula amabhulukwe?” kubuza uyise. USazi wanqekuzisa ikhanda evuma.



Ngenkathi uSazi egqoka isiketi sokuqala, wayazi ukuthi sizomfanela. Indwangu yaso yayithambile. Yayizwakala ishelela esikhumjeni sakhe. Isiketi sasingezwakali siqinile. Uma ehlala phansi, sasinwebeka kahle ndawo zonke. Sasizwakala sihlala kahle njengebhulukwe lakhe elihle kakhulu, elidala.

USazi akazange alithole ibhulukwe elihle kodwa wasithola isiketi esihle kakhulu.





Ukufunda 1

**Uhlobo olunjani lwebhulukwe uSazi alilinganisa?**
Ibhulukwe elimnyamana, ijini eluhlaza okwesibhakabhaka kanye nebhulukwe elinombala obomvu ngokugqamile.

**Wathola ni uSazi esitolo?**
Wathola isiketi esisha, esihle kakhulu.

**Kungani uSazi engazange alithole ibhulukwe elisha?**
- Ngoba esikhundleni salo wathatha isiketi.
- Ngoba onke amabhulukwe ayengamhlali kahle kodwa isiketi sona sasimhlala kahle.
- Ngoba ibhulukwe elimnyama ayelilinganisile lalizwakala limaholoholo futhi limhwaya isikhumba.
- Ngoba ijini eluhlaza okwesibhakabhaka ayilinganisa yayizwakala iqinile.
- Ngoba ibhulukwe elibomvu alilinganisa lalizwakala lisinda futhi lixega.
- Ngoba isiketi sasizwakala simhlala kahle ngenkathi esigqoka!



Ukufunda 2

**Ucabanga ukuthi uSazi wazizwa kanjani ngenkathi inkinobho lebhulukwe lakhe ligqabuka?**
Ngicabanga ukuthi wadumala/waphatheka kabi/ wakhungatheka.

**Ucabanga ukuthi uSazi wazizwa kanjani ngenkathi ethola isiketi asithandayo?**
Ngicabanga ukuthi wajabula/wakhululeka.

**Kungani uSazi wayezizwa ekhungathekile?**
- Ngoba inkinobho lebhulukwe lakhe alithandayo laligqabukile.
- Ngoba wayengafuni ukuya esitolo ayothenga ibhulukwe elisha.
- Ngoba wayekhumbula ibhulukwe lakhe elidala, elalimhlala kahle.
- Ngoba wayengafuni ukuthenga ibhulukwe elisha – wayefisa sengathi angagqoka ibhulukwe lakhe elidala, elalimhlala kahle.
- Ngoba alikho ibhulukwe alilinganisa elalifana nebhulukwe lakhe elidala.
- Ngoba alikho ibhulukwe kulawa awalinganisa elalimhlala kahle.
- Ngoba ibhulukwe elimnyama alilinganisa lalizwakala limaholoholo futhi limhwaya isikhumba sakhe esithambile.
- Ngoba ijini eluhlaza okwesibhakabhaka ayilinganisa yayizwakala iqinile.
- Ngoba ibhulukwe elibomvu alilinganisa lalizwakala lisinda futhi lixega.

INDABA 3

# INDABA KAGOGO



## Indikimba: Ogogo bethu



### Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi amakhono namasiko angadluliselwa kanjani esizukulwaneni esisodwa aye kwesilandelayo ngokufundisa, ngokuzilolonga, nangokwenza izinto ngokuhlanganyela ndawonye.



### Isu lokuqondisisa: Qapha Ukuqonda

- Kuyini: Ukuhlola ukuthi uyakuqonda yini okufundayo, bese uyama uma kukhona okungacaci.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqaphela uma ungakuqondi kahle, bese ulungisa lokho ngokushesha.
- Kusiza kanjani: Kugcina umfundi ebambe iqhaza futhi kuthuthukisa ukuqondisisa ngokulungisa okungaqondakali ngesikhathi sokufunda.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Imindeni idlulisa amakhono namasiko kusuka esizukulwaneni esisodwa ukuya kwesilandelayo. Ngezinye izikhathi ogogo nomkhulu bafundisa izingane izinto abazifunde kubazali noma kogogo nomkhulu babo. Lokhu kusiza ukugcina amasiko ephila.
- Abantu bangasebenzisa izinto zemvelo ukwenza izinto eziwusizo. Ubumba wuhlobo lwenhlabathi olungabunjwa lube izinkamba nezinye izinto.
- Ukubumba kuyikhono elidinga ukuzilolonga ukuze ufunde. Abantu bavame ukuzilolonga izikhathi eziningi ngaphambi kokuba babe nokuhlakanipha ekwenzeni lokho.
- Uma ubumba lumanzi, luyathamba kube lula ukulubumba. Uma loma, luyaqina lugcine umumo wokubunjwa kwalo. Uma ubumba olumanzi lunethwa yimvula, lungathamba futhi lulahle umumo walo.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 31,1 | ULungi wayengakaze ayibone into enhle njengezinkamba ezenziwe uninakhulu. Uninakhulu wayehlanganisa ubumba oluvela emhlabathini. Kwakungathi ngumlingo kuLungi. “Ngifuna ukubumba izinkamba njengawe!” kusho uLungi kuninakhulu. | Ake ngime ngicabange...Ake ngibone ukuthi ngiyaqonda yini: Ucabangani uLungi ngezimbiza zikagogo wakhe? Yebo, ngiyaqonda. Ucabanga ukuthi zinhle kakhulu yingakho esefuna ukwenza izimbiza naye. |
| 34,1 | Ugogo wayesekhombisa uLungi ukuthi ubumba luhlanganiswa kanjani nomhlabathi. Wakhombisa uLungi ukuthi ukhamba lubunjwa kanjani ngokucophelela ngokuthi ululolonge. Wamkhombisa indlela yokudweba umhlobiso okhambeni. Wakhombisa uLungi ukuthi ukhamba lubekwa kanjani elangeni ukuze lome. | Akengime ngicabange...Akengihlole ukuthi ngiyaqondisisa yini: Yiziphi izinyathelo okumele uLungi azilandele ukuze enze imbiza? Okokuqala, udinga ukuxova ubumba oluvela enhlabathini, bese ubumba imbiza, emva kwalokho adwebe umdwebo embizeni yakhe, kuthi ekugcineni ayibeke ngaphandle elangeni ukuze yome. |

ULungi wayengakaze ayibone into enhle njengezinkamba ezenziwe uninakhulu. Uninakhulu wayehlanganisa ubumba oluvela emhlabathini. Kwakungathi ngumlingo kuLungi. “Ngifuna ukubumba izinkamba njengawe!” kusho uLungi kuninakhulu. Ugogo wamamatheka. “Umcabango omuhle lowo!” kusho uninakhulu. “Ngafunda ukubumba izinkamba ngenkathi ngingangawe!”



"Ngenkathi ngineminyaka eyisishiyagalombili njengawe, ngangithanda ukubuka umama ebumba izinkamba ngobumba. Wayehlanganisa ubumba nomhlabathi. Wayebumba izinkamba nezimbiza ngezandla, uma eqeda wayezibeka elangeni ukuze zome. Ngenkathi ngiqala ukubumba ukhamba lwami lokuqala, wangikhombisa ngokucophelela ukuthi ukhamba lubunjwa kanjani bese ngilulolonga. Wangikhombisa indlela yokudweba umhlobiso okhambeni ukuze lube luhle! Ngemuva kwalokho, wangikhombisa ukuthi izinkamba ngingazibeka kanjani elangeni ukuze zome. Kodwa-ke ngalobo busuku, ngenkathi ngilele imvula yana!

Ngenkathi ngivuka ngakusasa, angizange ngisalubona ukhamba lwami. Okuwukuphela kwento engayithola wumzila womhlabathi obomvu owawuqonde engadini! Ukhamba lwami lokuqala lwalonakele!" kusho ugogo ehleka.



ULungi wahlala noninakhulu futhi wazama ukumcabanga eseyintombazanyana. "Kungani ungazange umfundise umama?" kubuza uLungi.

"Hawu Lungi, ngazama!" kuhleka ugogo. "Kodwa-ke unyoko akazange akuthande ukubumba izinkamba! Unyoko wayethanda ukusina; waqhubekisela phambili lelo siko lesizwe!"



Ugogo wayesekhombisa uLungi ukuthi ubumba luhlanganiswa kanjani nomhlabathi. Wakhombisa uLungi ukuthi ukhamba lubunjwa kanjani ngokucophelela ngokuthi ululolonge. Wamkhombisa indlela yokudweba umhlobiso okhambeni. Wakhombisa uLungi ukuthi ukhamba lubekwa kanjani elangeni ukuze lome.

"Udinga ukuzilolonga kakhulu!" kuchaza ugogo. ULungi nogogo babumba izinkamba bobabili usuku lonke.



Ngenkathi zonke izinkamba zikaLungi sezomile futhi sezicwebezela, uLungi wathatha olunye ukhamba ayekade eziqhenya kakhulu ngalo.

“Ngingalugcina lolu ngaphakathi?” kubuza uLungi kugogo.

“Kungani ufuna ukulufaka ngaphakathi?” kubuza ugogo.

ULungi wabheka phezulu esibhakabhakeni. Kwakunamafu kude le. “Angifuni ukuthi ukhamba lwami lonakaliswe yimvula, njengokhamba lwakho lokuqala!” kuchaza uLungi.





## Ukufunda 1

**Yini into enhle kunazo zonke uLungi ake wayibona?**
Izinkamba zikaninakhulu.

**Wayeneminyaka emingaki ugogo ngenkathi efunda ukubumba izinkamba?**
Ugogo wayeneminyaka eyisishiyagalombili, njengoLungi.

**Kungani uLungi efuna uninakhulu amfundise ukubumba izinkamba?**
- Ngoba ucabanga ukuthi izinkamba zikaninakhulu zinhle.
- Ngoba uthanda uninakhulu; ufuna ukufana naye!
- Ngoba unina kaLungi akakwazi ukubumba izinkamba – kufanele afunde kugogo.
- Ngoba ukubumba izinkamba akulula; kumele kube khona ozokukhombisa ukuthi wenzeni!



## Ukufunda 2

**Ingabe wafunda kubani ugogo ukubumba izinkamba?**
Wafunda kunina ukubumba izinkamba.

**Kungani uLungi engafundi kunina ukubumba izinkamba?**
Ngoba unina akazange afunde ukubumba izinkamba.

**Kungani uLungi wayefuna ukulufaka endlini ukhamba lwakhe ayeluthanda kakhulu?**
- Ngoba ukhamba lokuqala lukaninakhulu lonakaliswa yimvula.
- Ngoba lezi yizinkamba zokuqala azenzile uLungi! Zibalulekile ngaleso sizathu.
- Mhlawumbe uLungi ufuna ukukhombisa unina ukuthi useyakwazi ukuzibumbela izinkamba.
- Ngoba uLungi ubona amafu. Ukhumbula ukuthi ukhamba lukaninakhulu lokuqala lonakaliswa yimvula. Akafuni lokhu kwenzeke okhambeni lwakhe lokuqala.

INDABA 4

# ISOBHO LAMATSHE LIKAGOGO



Indikimba: Ogogo bethu



## Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi baqonde ukuthi abantu bangasebenzisa imibono ehlakaniphile futhi bahlanganyele ndawonye ukuze basizane ngezikhathi ezinzima.



## Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ogogo nomkhulu kanye nabadala bavame ukusebenzisa ukuhlakanipha kwabo, izindaba, kanye nolwazi lwempilo yabo ukuze baqondise futhi basize imindeni nemiphakathi yabo.
- Imvula ibalulekile ekukhuliseni izitshalo nasekondleni izilwane. Uma kunesomiso (isikhathi eside kunemvula encane kakhulu), abantu nezilwane bangase bangabi nokudla okwanele.
- Isobho lenziwa ngokupheka izithako ezahlukene ndawonye ebhodweni, ngokujwayelekile emlilweni. Isobho ngokuvamile aliqukethe amatshe.
- Abantu emphakathini bangasizana ngokwabelana ngalokho abanakho. Uma wonke umuntu enikela ngokuncane, kungadala into enkulu ewusizo kubo bonke.



## Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 40,1 | Ugogo kwakufanele acabange icebo masinyane! Wahlala esihlalweni sakhe esinyakazayo. Wayelokhu esiyisa emuva naphambili njengoba ayecabanga icebo. “Ehhene,” kwamemeza ugogo, “sengilitholile icebo! Nomvula, sekuyisikhathi sokwenza isobho lamatshe elimnandi!” | Ngingenza uhlolo lokuthi ugogo kaTselane uhlakaniphile. Ngicabanga ukuthi angakwazi ukwenza icebo, noma izikhathi zinzima! |
| 43,1 | “UGogo wenza isobho lakhe lamatshe elimnandi!” kusho uNomvula etshela abantu basesigodini. | Ngingenza uhlolo lokuthi uTselane uhlakaniphile, njengogogo wakhe. Unecebo lokwenza zonke izakhamuzi zesigodi zifune ukwazi ngesobho likaGogo elikhethekile. |

UNomvula noninakhulu babelambe kakhulu. Izinkathi zazinzima. Imvula yayingani. Ummbila wawungakhuli, kanti nezinkomo zazizacile. Kwakungekho namunye kuleso sigodi owayenokudla ayengaphisana ngakho. Ugogo wayekhathazekile. Yini angayenza? Izinyawo zikaNomvula ezincane zazilokhu zizaca nsuku zonke kanti wayengasagijimi ejikeleza futhi engasadlali uma kuphuma isikole.



Ugogo kwakufanele acabange icebo masinyane! Wahlala esihlalweni sakhe esinyakazayo. Wayelokhu esiyisa emuva naphambili njengoba ayecabanga icebo. “Ehhene,” kwamemeza ugogo, “sengilitholile icebo! Nomvula, sekuyisikhathi sokwenza isobho lamatshe elimnandi!”



UNomvula wabasa umlilo. Uninakhulu wabeka ibhodwe elikhulu elaligcwele amanzi emlilweni. UNomvula waqoqa amatshe ayebushelelezi emhlabeni owawomile. “La matshe azokwenza isobho elimnandi!” UNomvula noninakhulu bahleka ngokujabula! Ugogo wafaka amatshe phakathi emanzini.



“Nomvula, gijima uye esigodini utshele wonke umuntu ngesobho lami lamatshe elimnandi!” kwasho ugogo. UNomvula wagijima waya esigodini.



“UGogo wenza isobho lakhe lamatshe elimnandi!” kusho uNomvula etshela abantu basesigodini.





“Isobho lamatshe?” kubuza uthisha. “Angazi-ke ngalokho,” kusho uNomvula.

“UGogo udumile ngokwenza isobho elimnandi.”

“O yebo – ngiyalithanda leli sobho,” kwasho umngani kagogo.

“Nakanjani kufanele ngithole isitsha.”



“Ngingalizwa?” kwabuza umlimi.

“Lizwakala limnandi,” kwasho umelusi.

“Impela limnandi,” kwasho uNomvula.

UNomvula wayesecabanga okwesikhashana. “Kodwa alizukwenela ukuthi siphakele wonke umuntu,” washo ngokudumala. Wonke umuntu wayebukeka edumele. Babelambile nabo.

"Nginecebo!" kusho uNomvula. "Ngiyacabanga ukuthi ugogo uzophisana ngesobho lakhe. Nokho kufanele nonke niphathe izinongo ezimnandi esizozifaka esojeni. Uma kungaba njalo, wonke umuntu uzokwenela!"

"Ngizophatha amazambane," kusho uthisha.

"Izaqathi zizononga kahle," kusho umlimi.

"Ngino-anyanisi esingawufaka," kusho umelusi.

"Ngizohlaba inkukhu yami yokugcina ukwenza isitshulu," kusho umngani kagogo.

Bonke abantu besigodi bashesha baya emakhaya bayobona ukuthi bangatholani abazoyifaka esojeni likagogo elikhethekile.



Yaphusha imbiza isibila phela! Ugogo wagoqoza amanzi wayesefaka usawoti nezinye izinongo. Laze lamnandi iphunga! Abantu besigodi baletha ngabanye ngabanye imifino yabo bezofaka esojeni likagogo. Njengoba abantu besigodi befaka okuthile esojeni, isobho lavele lanuka kamnandi kakhulu!



Ekugcineni lalunga isobho. Wonke umuntu waletha isitsha sakhe; base behlala bezungeza umlilo babelana ngesobho lamatshe elinambithekayo. Laliliningi ngendlela yokuthi kwaze kwadla ngisho nenja kaNomvula.



Emva kwedili, ugogo wabaxoxela indaba, uNomvula wacula iculo. Wonke umuntu wayejabulile. Kwase kuyisikhathi eside abantu besigodi bagcina ukuhlala ndawonye, badle futhi baxoxe.

“Saze saba nosuku olumnandi!” kusho umlimi.

“Siyabonga ngesobho lamatshe,” kusho umelusi.

“Usikhombisile ukuthi ukwabelana kusenza sonke sinothe,” kusho uthisha.



UNomvula noNinakhulu babukana, bemoyizela bobabili.





Ukufunda 1

**Yisiphi isinongo esaphathwa uthisha?**
Waphatha amazambane.

**Yini eyafakwa umlimi esojeni?**
Waphatha izaqathi ukuthi azifake.

**Ngubani owaphatha u-anyanisi ozofakwa esojeni lamatshe?**
Umelusi owaphatha u-anyanisi.

**Kungani isobho lalinambitheka kamnandi kangaka?**
- Ngoba wonke umuntu waphatha isinongo.
- Ngoba zonke izinongo zazinambitheka kamnandi uma sezihlangene.



Ukufunda 2

**Kungani ugogo wayekhathazekile?**
Ngoba wayengenakho ukudla okwakungabanela benomzukulu wakhe!

**Wayekuphi ugogo ngenkathi enquma ukwenza isobho lamatshe?**
Wayehlezi esihlalweni sakhe esinyakazayo.

**Bazizwa kanjani abantu besigodi ngemuva kwedili?**
Babejabulile/babesuthi.

**Cabanga ngoNomvula noNinakhulu. Ucabanga ukuthi babehlakaniphile noma babengamaqili?**
Ngicabanga ukuthi bangabantu aba.... ngoba...

INDABA 5

# MASIDLALE IBHATHI

Indikimba: Sidlala ngaphandle





### Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi abantu abavela ezindaweni ezahlukene bangasebenzisa amagama ahlukene emdlalweni ofanayo. Iphinde ibasize baqonde ukuthi ukudlala ndawonye kungasisiza sithole izinto esifanayo ngazo.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Imindeni ivame ukuvakashelana ngesikhathi samaholidi. Ngesikhathi samaholidi, izingane eziningi zivakashela izihlobo ezifana nogogo, omalume, omalumekazi, noma abazala. Bangenza ubuhlobo nabangani abasha ngesikhathi bevakashile.
- Umdlalo ofanayo ungaba namagama ahlukene ezindaweni ezahlukene. Ngezinye izikhathi abantu emadolobheni, emiphakathini noma emazweni ahlukene badlala umdlalo ofanayo kodwa bawubize ngamagama ahlukene.
- Abantu bangangaqondani kalula. Ngezinye izikhathi abantu bangacabanga ukuthi bayaphikisana ngoba besebenzisa amagama ahlukene. Kodwa, uma bebuza imibuzo futhi bechaza ukuthi baqonde ukuthini, bangathola ukuthi bakhuluma ngento efanayo.
- Imidlalo nezemidlalo zingaba indlela enhle yokwenza ubudlelwano obusha nokuthola abangane.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 53,1 | UChinedu wayevakashele uyisekazi eSoweto ngoKhisimusi. UBulelwa wayevakashele uninakhulu. UXihlala wayevakashele abazala bakhe. Laba abathathu basheshe baba ngabangani. | Ngingaphetha ngokuthi izingane ezikule ndaba zonke zihlala ezindaweni ezahlukene. Zize kule ndawo eyodwa ngenxa yeholide. |
| 57,4 | "Lo mdlalo ufana neToti! Kusho ukuthi umdlalo ofanayo!" kuhleka uBulelwa. "Uyafana futhi neChicago!" kusho uXihlala. "Ingabe kuyafana futhi nokuthi uma kungekho eqenjini ozoshaya umbhoshongo, iqembu elivimbayo yilona elizothola ithuba lokudlala?" "Yebo!" kusho uChinedu. "Lokho kufana ncamashi neBhathi!" | Ngingaphetha ngokuthi izingane bezilindele imidlalo eyehlukile ngoba inamagama angafani. Ngicabanga ukuthi bethukile uma bebona ukuthi bonke bakhuluma ngomdlalo ofanayo. |

UChinedu wayevakashele uyisekazi eSoweto ngoKhisimusi. UBulelwa wayevakashele uninakhulu. UXihlala wayevakashele abazala bakhe. Laba abathathu basheshe baba ngabangani.


“Nginesizungu,” kusho uBulelwa, “masidlaleni iToti.”

“Angiwazi lowo mdlalo,” kusho uChinedu, “kunalokho masidlaleni iBhathi.”

“Kunganjani sidlale iChicago? Yiwona mdlalo omnandi!” kusho uXihlala.

“IChicago? Lokhu kuzwakala njengedolobha elikhulu – hhayi umdlalo!” kusho uBulelwa ehlahle amehlo.

Bahlala bephikisana ngokuthi yimuphi umdlalo abangawudlala. Baphikisana isikhathi eside ngokuthi yimuphi umdlalo ongcono.




“Kulungile!” kusho uBulelwa ehoxa. “Ngicabanga ukuthi singadlala iBhathi uma ingcono ngaleyo ndlela. Sizoyidlala kanjani?”

UChinedu wasukuma. “Kulungile-ke, uma sizodlala iBhathi, kufanele sithole amathini kanye nebhola.”

“Lokhu kuzwakala njengeChicago!” kusho uXihlala.

“Udinga amathini nebhola ukuze udlale iToti,” kusho uBulelwa.



“Sizoqala ngokwenza amaqembu amabili. Iqembu elilodwa lizodlala, elinye iqembu lizovimba. Iqembu elidlalayo kufanele ligijime lizame ukubeka amathini enze umbhoshongo omude,” kuqhubeka uChinedu. “Emuva kwalokho, abeqembu kufanele bagijime baqonde endaweni eyikhaya!”

“Lokhu kuzwakala njengeToti!” kuphinda uBulelwa.

“Kunomthetho ofanayo noweChicago,” kuphinda uXihlala.

“Ngempela?” kubuza uChinedu. “Lokho kuyamangaza!”



UChinedu waqhubeka. “Umsebenzi weqembu elivimbayo ukushaya amalungu elinye iqembu ngebhola. Amalungu eqembu elinye kufanele avike, angashaywa yibhola! Uma eshaywa, kufanele ahlale phansi.”

“Lokhu kuzwakala kufana ncamashi neToti!” kusho uBulelwa edidekile.

“Kunomthetho ofanayo futhi noweChicago,” kusho uXihlala.

“Ngempela?” kubuza uChinedu. “Lokho kuyaxaka!”



“Kulungile-ke, iqembu elivimbayo kufanele linike iqembu elisendaweni eyikhaya ibhola. Ilungu ngalinye leqembu linamathuba amathathu okuphonsa ibhola ukuze lishaye umbhoshongo wamathini,” kuchaza uChinedu.

“Lokhu kuzwakala njengeToti,” kusho uBulelwa. “Uma iqembu lishaya umbhoshongo, ingabe lizothola iphuzu, kanye nelinye ithuba lokudlala?”

“Yebo!” kusho uChinedu, ebukeka edidekile.

“Wazi kanjani?”

“Lo mdlalo ufana neToti! Kusho ukuthi umdlalo ofanayo!” kuhleka uBulelwa.


“Uyafana futhi neChicago!” kusho uXihlala. “Ingabe kuyafana futhi nokuthi uma kungekho eqenjini ozoshaya umbhoshongo, iqembu elivimbayo yilona elizothola ithuba lokudlala?”

“Yebo!” kusho uChinedu.

“Lokho kufana ncamashi neBhathi!”



“Kulungile-ke! Asambeni siyoqoqa amathini!” kusho uBulelwa. Bangena indlu nendlu, becela amathini komakhelwane.




Bathe sebefikile endlini yokugcina, kwacela uChinedu, “Besicela amathini eBhathi?”

Owesifazane wabatshela ukuthi balinde. Wabuya ephethe isikhwama esigcwele amathini.

“Uthi bewazi nje ukuthi abanye abantu babiza lo mdlalo ngokuthi iChicago?” esho ehleka, “kanti abanye abantu bawubiza ngokuthi iToti! Awucabange nje!”



Bagcina sebethole amathini anele. UChinedu, uBulelwa, kanye noXihlala babukana base behleka. “Masidlaleni iBhathi-iChicago-iToti,” kusho uXihlala, ehleka.





## Ukufunda 1

**Le ndaba yenzeka kuphi, nini?**
Yenzeka eSoweto, ngamaholidi kaKhisimusi.

**Yimaphi amagama amathathu ehlukahlukene omdlalo odlalwa abalingiswa bendaba?**
IBhathi, iToti, neChicago

**Kungani abalingiswa bedidekile endabeni?**
- Yingoba babecabanga ukuthi bakhuluma ngemidlalo ehlukene, kanti bakhuluma ngomdlalo owodwa!
- Yingoba babecabanga ukuthi imidlalo inemithetho eyahlukene, kanti yonke imithetho yale midlalo iyefana!
- Yingoba babengazi ukuthi umdlalo wabo abawuthandayo ungaba namagama ahlukene.



## Ukufunda 2

**Kungani singaphetha ngelokuthi bonke abalingiswa bavela ezindaweni ezahlukene?**
- Yingoba bonke bavakashele eSoweto.
- Yingoba babesanda kuba ngabangani.
- Yingoba bonke banegama elehlukile lomdlalo ofanayo.

**Yini abantwana okufanele bayiqoqe ngaphambi kokuba badlale?**
Kufanele baqoqe amathini.

**Kungani abalingiswa behleka esiphethweni sendaba?**
- Yingoba kwabathatha isikhathi eside ukubona ukuthi babekhuluma ngomdlalo ofanayo.
- Yingoba bachitha isikhathi eside bedidekile.
- Yingoba iBhathi-iChicago-iToti igama elide nelihlekisayo lalo mdlalo.

INDABA 6

# LETHWESE IHLOBO

## Indikimba: Sidlala ngaphandle





### Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukudlala ngaphandle kusivumela ukuthi sihlole imvelo, sijabule nabangane, futhi sijabulele amasiko akhethekile emiphakathini yethu.



### Isu lokuqondisisa: Buka ngeso lengqondo

- Kuyini: Ukwakha isithombe emqondweni ngalokho okwenzekayo endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwenza indaba izwakale iyikho futhi ibe nentshisekelo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza uqonde ukuthi abalingiswa nezindawo babukeka kanjani futhi kwenza indaba ibonakale icace bha.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Intwasahlobo yisikhathi esilandela ubusika. Intwasahlobo isho isimo sezulu esifudumele, ukuqhakaza kwezimbali, ukuvela kwezinambuzane, nezilwane ziqala ukuba nomdlandla. Uma kufika intwasahlobo, singabona izinsuku ezifudumele, amahlamvu amasha ezihlahleni, izimvemvane zindiza, nezinyoni zakha izidleke.
- Isimo sezulu nezikhathi zonyaka kunomthelela endleleni abantu abadlala ngayo ngaphandle. Isibonelo, ebusika abantu bavame ukushesha ngoba bezwa amakhaza. Uma isimo sezulu sifudumala, bangachitha isikhathi esiningi ngaphandle behamba, bedlala, futhi behlola indawo.
- Usuku lokuqala kuMandulo lwaziwa njengeSuku LweNtwasahlobo eNingizimu Afrika. Enye yemikhuba eyayivame ukwenziwa emalokishini amaningi kwakuwukuthela ngamabhakede amanzi abantu ababebuya emsebenzini nasezikoleni, bese bememeza bathi: “Isikhathi sentwasahlobo!”. Lo mkhuba wawukhombisa ukuphela kobusika nokufika kwesikhathi esisha. Lokhu kusenzeka kwezinye izindawo nanamuhla, kodwa akusavamile.
- Ngesinye isikhathi, izingane zandawonye, kanye nabangani bavame ukudlalisana ngamacebo angenabungozi ukuze bajabule. Kule ndaba, amanzi ayingxenye yomkhuba woSuku LweNtwasahlobo, hhayi isijeziso.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 65,1 | Nokho-ke namuhla, ilanga lishisa bhe! UKatekani ukhumula ijezi lakhe. "Sekucishe kube sehlobo!" kusho uKatekani emamatheka. | Ngiyambona ngeso lengqondo uKatekani ejulukile njengoba ehamba elangeni elishisayo. |
| 71,1 | Ngalowo mzuzu, uKatekani ezwe umfowabo egigitheka. Bajika nxazonke bebona uKhulani kanye nabangani bakhe, bemanzi nte! Bonke baphethe amabhakede anamanzi. | Ngiyabubona ngeso lengqondo ubuso bukaKatekani obumangele uma ezwa umfowabo egigitheka. Ubecabanga ukuthi uphephile - kanti cha! |

Ngolunye uLwesihlanu ekuseni, u-Olwethu kanye noKatekani bahamba bobabili beya esikoleni. Sekuyizinyanga manje, bethwala izigqoko begqoka namajezi amakhulu asebusika. Nokho-ke namuhla, ilanga lishisa bhe! UKatekani ukhumula ijezi lakhe.

"Sekucishe kube sehlobo!" kusho uKatekani emamatheka.





U-Olwethu noKatekani bavame ukuhamba basheshise ukuzigcina befudumele. Kodwa-ke namuhla bahamba kancane.

"Bheka!" kusho u-Olwethu, ema ebuka izimvemvane ezisawolintshi ezimbili.



"Lalela!" kusho uKatekani, ekhomba amahlokohloko akha isidleke sawo esihlahleni esikhulu phezulu.



"Hogela lokho?" kusho u-Olwethu ehogela ngamandla. "Izimbali sezizoqhakaza!"

Uma befika esikoleni ekuseni, uNkk. Soko abhale usuku ebhodini.

“Awu! Bheka lokhu! Ngumhla wokuqala kuMandulo - wusuku lweNtwasahlobo!” asho emamatheka.

UKatekani abheke u-Olwethu.

“Hhayi bo!” kububula uKatekani. “Umfowethu uthanda ukungithola ngingazelele ngosuku lweNtwasahlobo! Kufanele sigijimele ekhaya ngemva nje kokukhala kwensimbi - ukuze angasitholi!”



Nokho ngesikhathi kukhala insimbi, uKatekani nabangani baka-Olwethu banquma ukuhlala badlale.

“Woza uzodlala nathi!” kumemeza u-Andiswa egijimela emijikelweni noThato.

“Hhayi suka, asidlaleni!” kusho u-Olwethu.

UKatekani akhohlwe yikho konke ukugijimela ekhaya ngokushesha. Avele agijime ayobona abangani bakhe.



Ngemuva kokuba amantombazane esedlale isikhashana, abona uNkk. Soko ephuma egumbini lokufundela. “Salani kahle mantombazane!” esho ememeza. “Usuku olunentokozo lweNtwasahlobo!”

“Hawu!” kusho uKatekani ephefumulela phezulu ngokwethuka. “Ngikhohlwe du ngosuku lweNtwasahlobo! Asihambe Olwethu kodwa kumele siqaphele!”



Bagijima baya ekhaya, kodwa u-Olwethu asheshe akhathale. “Angikwazi ukugijima kakhulu!” esho, ephefumula kakhulu. UKatekani abuke nxazonke ngokwesaba. “Kufanele siqaphele,” kusho yena. Bahambe ngokushesha. Abazange bakhulume nakancane. Ekugcineni, uKatekani abone isango lomuzi wakubo langaphambili, aphefumule kakhulu. “Sisindile!” esho ngokujabula.



Ngalowo mzuzu, uKatekani ezwe umfowabo egigitheka. Bajika nxazonke bebona uKhulani kanye nabangani bakhe, bemanzi te! Bonke baphethe amabhakede anamanzi.



UKatekani aphakamise izandla, “Kulungile, kulungile, nisitholile!” esho ehleka. “Okungenani sivumeleni sehlise izikhwama zethu.”



Kuthe ngenkathi u-Olwethu noKatekani sebezehlisile izikhwama, uKhulani nabangani bakhe bagijimela kubo. U-Olwethu noKatekani bahleka futhi bememeza ngenkathi abafana bebathela ngamanzi.



"Usuku Lokungena kweNtwasahlobo Olunenjabulo!" kusho uKhulani. Bonke baqala bagigitheka.





## Ukufunda 1

- UKatekani kanye no-Olwethu babonani endleleni beya esikoleni?
- Babona izimvemvane ezisawolintshi
- Babona amahlokohloko akha isidleke

**Le ndaba yenzeka ngaluphi usuku?**
Yenzeka ngomhla lulunye kaMandulo - Usuku lweNtwasahlobo!

**Kungani uKatekani no-Olwethu babehamba kancane ukuya esikoleni?**
- Yingoba sasingasekho isidingo sokuthi bazigcine befudumele.
- Yingoba ekugcineni yase isifikile iNtwasahlobo.
- Yingoba babebona izimpawu zokushintsha kwezikhathi.
- Yingoba bama babukela izimvemvane eziphuzi.
- Yingoba bama babuka amahlokohloko akha isidleke.
- Yingoba bama bahogela izimbali.



## Ukufunda 2

**U-Olwethu kanye noKatekani benzani ekuphumeni kwesikole?**
Badlala nabangani babo ngaphandle.

**Yini eyakhumbuza uKatekani ukuthi kwabe kuwusuku lweNtwasahlobo?**
Uma uthisha ephuma egumbini lokufundela evalelisa ethi, 'Usuku lwaseNtwasahlobo olunentokozo'.

**Kungani uKatekani no-Olwethu babemanzi te?**
- Yingoba bekuwusuku lokungena kweNtwasanhlobo
- Yingoba bekuwusuku lokungena kweNtwasahlobo, kuba nomdlalo wokuthela abantu ngamanzi kwezinye izindawo eNingizimu Afrika.
- Yingoba uKatekani no-Olwethu badlala nabangani babo ekuphumeni kwesikole kunokuba bagijime baqonde ekhaya.
- Yingoba umfowabo kaKatekani, uKhulani, uyathanda ukumthola engazelele ngosuku lokungena kweNtwasahlobo.

INDABA 7

# IGAMA LAMI NGUBUHLEBENDALO



## Indikimba: Siyakhuluma



### Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi amagama ayingxenye ebalulekile yobuwena nokuthi kulungile ukukhuluma ngenhlonipho uma kukhona okuthile okubalulekile kuwe.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Amagama ayingxenye ebalulekile yobuwena. Amagama akhethekile futhi avame ukuba nencazelo. Imindeni eminingi ikhetha amagama ngokucophelela, ngothando nangokunakekela. Abantu abaningi bazizwa beziqhenya ngamagama abo.
- Abanye abantu banezidlaliso noma amagama abo afingqiwe. Isibonelo, ingane ogama layo linguSiphesihle ingase ibizwe ngoSihle. Abanye abantu bathanda amagama afingqiwe, kanti abanye bakhetha amagama abo aphelele. Abantu kufanele bazame ukusho igama lakho kahle futhi bakubize ngegama ofuna ukubizwa ngalo.
- Ngesinye isikhathi abantu abadala benza izinqumo izingane ezingavumelani nazo. Umuntu omdala angacabanga ukuthi uyasiza, kodwa angakuqondi ukuthi into ethile ibalulekile enganeni ethile.
- Ukuba nenhlonipho akusho ukuthi thula uma kukhona okubalulekile. Ungaba mnene futhi uhloniphe,ube umtshela umuntu ukuthi uzizwa kanjani noma yini oyidingayo.



Ukuze usebenzise leli su:


| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 81,2 | "Ngizokubiza ngokuthi, Buhle," kusho uthisha. "Igama lakho lide kakhulu!" UBuhlebendalo wayengafuni ukubonakala njengentombazane edelelayo, ngakho akashongo lutho. | "Ngizokubiza ngokuthi, Buhle," kusho uthisha. "Igama lakho lide kakhulu!" UBuhlebendalo wayengafuni ukubonakala njengentombazane edelelayo, ngakho akashongo lutho. |
| 84,1 | Nsuku zonke uma esesikoleni, uBuhlebendalo uphuthelwa wukuzwa igama lakhe libizwa ngokuphelele. UBuhlebendalo ucabanga ngokulungisa uthisha wakhe, kodwa akafuni ukubonakala njengesideleli. | Ngingaphetha ngokuthi esikoleni uBuhlebendalo njalo ubizwa ngoBuhle, kodwa ekhaya ubizwa ngegama lakhe eligcwele. |

Selokhu azalwa uBuhlebendalo, wonke umuntu emndenini umbiza ngegama lakhe elihle liphelele: Buhlebendalo. Uyakuthanda ukuzwakala kwegama lakhe. Uyathanda ukulisho ngokunensa, ilunga ngalinye ngalinye. Nokho futhi, uyathanda nokulisho ngokushesha. Uthanda konke nje ngegama lakhe!



Ngosuku lwakhe lokuqala esikoleni, uthisha kaBuhlebendalo watshela abafundi ukuba bayoma ngaphambili egunjini lokufundela. Uthisha wayesebiza umfundi ngamunye ngamunye ukuze ambonise lapho azohlala khona. Ideski lomfundi ngamunye linamathiselwe igama.

UBuhlebendalo wayemagange efisa ukubona igama lakhe elihle selibhalwe ngokuphelele phezu kwedeski lakhe.




Ekugcineni, uthisha wabiza igama lakhe. Walisho ngokunensa, ilunga ngalinye ngalinye. UBuhlebendalo wamamatheka kakhulu waphakamisa isandla sakhe.

“Ngizokubiza ngokuthi, Buhle,” kusho uthisha. “Igama lakho lide kakhulu!”

UBuhlebendalo wayengafuni ukubonakala njengentombazane edelelayo, ngakho akashongo lutho.



Ngenkathi ehlala phansi edeskini lakhe, isigqebhezana segama lakhe sasithi, Buhle. Asizange silisho lonke igama lakhe elihle. Ukumamatheka kukaBuhlebendalo kwavele kwafiphala.



Ngokuhamba kwesikhathi ngalo lolo suku, uthisha kaBuhlebendalo wambiza ngegama ukuze aphendule umbuzo. “Buhle!” kumemeza uthisha.

Nokho uBuhlebendalo akazange aqaphele ukuthi uthisha wayebiza yena!



Nsuku zonke uma esesikoleni, uBuhlebendalo uphuthelwa wukuzwa igama lakhe libizwa ngokuphelele. UBuhlebendalo ucabanga ngokulungisa uthisha wakhe, kodwa akafuni ukubonakala njengesideleli.



Ngemuva kwamasonto ambalwa, uBuhlebendalo weza ekhaya nomdwebo wakhe wasesikoleni awuthandayo ezowukhombisa unina.

“Habe! Kungani ushintshe igama lakho?” kubuza unina.

“Angizikhethelanga. Uthisha wami uthe igama lami lide kakhulu. Futhi angifunanga ukubonakala njengesideleli!” kusho uBuhlebendalo.

“Uma ufuna ukubizwa ngoBuhle, kulungile. Kodwa-ke uma ungathandi, kumele umtshele uthisha wakho. Akusikho ukwedelela lokho. Unelungelo lokubizwa ngegama lakho liphelele!” kusho unina.

“Ngiyaqonda ukuthi ungase wesabe ukutshela uthisha wakho. Ngizoza ngizokukhulumela naye.”



Ngosuku olulandelayo, unina kaBuhlebendalo wahamba naye waya esikoleni. Bafika singakangeni isikole. UBuhlebendalo wahamba wayodlala nabangani bakhe ngenkathi unina eyokhuluma nothisha wakhe.



Ngenkathi insimbi ikhala, uBuhlebendalo wazizwa esaba. “Ngingathini uma uthisha engaqala angizonde manje?” ezibuza ekhathazekile. Nokho-ke kuthe uma engena egunjini lokufundela, uthisha wamamatheka.

“Sawubona, Buhlebendalo,” kusho uthisha.



Ngesikhathi uBuhlebendalo ehlezi edeskini lakhe, isigqebhezana segama lakhe sase sishintshiwe. Isigqebhezana sakhe esisha sase sisho igama lakhe eliphelele elihle: Buhlebendalo.





## Ukufunda 1

**Ingabe wayelindele ukubonani uBuhlebendalo phezu kwedeski lakhe?**
Wayelindele ukubona isigqebhezana segama lakhe, sinegama lakhe elihle libhalwe ngokuphelele.

**Wayembiza ngokuthini uthisha uBuhlebendalo?**
Wayembiza ngokuthi uBuhle.

**Kungani uBuhlebendalo wayedumele?**
- Yingoba wayecabanga ukuthi igama lakhe elihle lizobhalwa ngokuphelele edeskini lakhe.
- Yingoba uthisha ufingqe igama lakhe.
- Yingoba esikoleni wayengabizwa ngegama lakhe elihle liphelele.



## Ukufunda 2

**Kungani uthisha kaBuhlebendalo ambiza ngokuthi uBuhle?**
Yingoba wathi igama lakhe lide kakhulu.

**Unina kaBuhlebendalo waphetha ngokuthi wayezizwa kanjani umntwana wakhe?**
Waphetha ngokuthi wayezizwa esaba kakhulu ukukhuluma nothisha wakhe.

**Kungani uthisha kaBuhlebendalo washintsha isigqebhezana segama ekupheleni kwendaba?**
- Yingoba unina kaBuhlebendalo wahamba wayokhuluma nothisha wakhe.
- Yingoba uthisha wathola ukuthi uthanda ukubizwa ngokuthi uBuhlebendalo kunokuthi uBuhle.
- Yingoba uthisha wabhala igama okungelona, kwakufanele alilungise!

# INDABA 8
# ISIKIBHA SIKANHLAKANIPHO ESISHA
## Indikimba: Siyakhuluma





### Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi abantu bangaba nezinto abazithandayo ezahlukene, futhi kubalulekile ukuveza ukuthi ungubani kunokuthi uzizwe uboshwe yilokho abanye abantu abacabanga ukuthi kufanele nawe ukuthande.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Abafana namantombazane bavame ukunikezwa amathoyizi ahlukene, izingubo ezahlukene, nemibala ehlukene. Isibonelo, abanye abantu bacabanga ukuthi umbala ophinki ungowamantombazane kanti oluhlaza okwesibhakabhaka ungowabafana. Abantu abahlukene banemibono ehlukene ngalokhu.
- Ngesinye isikhathi abantu bangatshela izingane ukuthi kufanele zithande izinto ezithile kuphela ngoba ziyizingane zobulili obuthile. Isibonelo, abanye bangasho ukuthi abafana kuphela ekufanele bathande ukudlala ngezimoto. Abantu abahlukene banemibono ehlukene ngalokhu.
- Eqinisweni, izingane zingathanda okuhlukile kungakhathalekile ukuthi ziyizingane zobulili obuthile. Izingane azithandi zonke izinto ezifanayo. Isibonelo, ezinye izingane zithanda ukudweba. Ezinye zithanda izilwane. Ezinye zithanda ama-dinosaur. Ukuba umfana noma intombazane akusho ukuthi kufanele uthande imibala ethile, amathoyizi athile, noma izingubo ezithile.
- Ngesinye isikhathi abantu ababili bangafuna izinto ezahlukene. Uma lokhu kwenzeka, bangase bahluleke ukuthola lokho abakufunayo ngokuphelele bobabili. Ukwehlela ngezansi kuyisixazululo lapho umuntu ngamunye edela kancane ukuze bavumelane ngento ethile.



Ukuze usebenzise leli su:


| Ikhasi nesigaba | Funda | Ithi |
|---|---|---|
| 98,1 | “Kunganjani uthathe lesi?” kubuza ugogo.<br><br>“Kodwa gogo, angiwuthandi umbala ophinki,” kusho uNhlakanipho.<br><br>“Wonke amantombaze ayawuthanda umbala ophinki!” kusho ugogo.<br><br>“Ngiyintombazane nje, kodwa angiwuthandi,” kucabanga uNhlakanipho. “Hhayi-ke. Sengizomane ngikuthengele isikibha esimhlophe esingenamdwebo,” kusho ugogo.” | Ngingaphetha ngokuthi uBohlale ukhungathekile. Ngicabanga ukhungathekile ngoba uGogo umtshele ukuthi angazikhethela noma isiphi isikipha,kodwa akavumelani nazo zonke izikipha ezithandwa nguBohlale. |
| 98, picture | | Awubheke ubuso bukaBohlale esithombeni. Naso siyangisiza ukuba ngiphethe ngokuthi ukhungathekile. |

KwakunguMgqibelo, uNhlakanipho ezoya ezitolo noninakhulu. “Masihambe bo!” kumemeza ugogo. UNhlakanipho wagijima waqonda ekhishini. UNhlakanipho noninakhulu badlula izingulube zidla.

Badlula amantombazane edlala ingqathu. Badlula nowesifazane eneka izingubo zakhe ocingweni.



Ekugcineni baze bafika emgwaqeni omkhulu. Itekisi nalo lase lizofika!




UNhlakanipho wayelunguza ngefasitela indlela yonke. Wabona imoto endala, eyayifile ngaphandle komgwaqo. Wabona izimvu,



Wabona izimpawu eziningi ezimibalabala. Base befikile edolobheni!





“Masihambe-ke!” kusho ugogo.



Baqala ebhange. Base beya eposini. Bagcina ngokuya esitolo esidayisa izimpahla.

“Ngizokuthengela izimpahla zokugqoka ezintsha. Ungahamba uyozikhetha, Nhlakanipho,” kusho ugogo.



“Ngithanda lena,” kusho uNhlakanipho ekhomba isikibha esiluhlaza okotshani esinesithombe sedayinaso ngaphambili.

“Esabafana leso,” kusho ugogo.

“Kodwa ngiyawathanda amadayinaso, gogo,” kusho uNhlakanipho.

“Ubheke ngasezimpahleni zabafana!” kusho ugogo.

“O, ngithanda lesi!” kusho uNhlakanipho, ebheke isikibha esinesithombe seloli ngaphambili. Ugogo wanikina ikhanda lakhe. “Ngoba?” kubuza uNhlakanipho. Wayesezihambela ugogo.



“Kunganjani uthathe lesi?” kubuza ugogo.

“Kodwa gogo, angiwuthandi umbala ophinki,” kusho uNhlakanipho.

“Wonke amantombaze ayawuthanda umbala ophinki!” kusho ugogo.

“Ngiyintombazane nje, kodwa angiwuthandi,” kucabanga uNhlakanipho.

“Hhayi-ke. Sengizomane ngikuthengele isikibha esimhlophe esingenamdwebo,” kusho ugogo.



Ngenkathi efika ekhaya uNhlakanipho, wabeka isikhwama sezinto abazithengile phezu kwetafula lasekhishini, waya ekamelweni lakhe. Wahlala phezu kombhede wacabanga ngazo zonke izikibha ezisesitolo sezimpahla zokugqoka.

Unina kaNhlakanipho waya ekamelweni lakhe ephethe isikibha sikaNhlakanipho esisha esimhlophe.

“Yisona isikibha osikhethile lesi?” kubuza unina.

UNhlakanipho waxoxela unina ngokwenzekile esitolo sezimpahla.



“Nginesu,” kusho unina emshiya ekamelweni lakhe. Wabuya esephethe amapeni ekhokhi. “Ungasebenzisa lokhu ukudweba isithombe osithandayo esikibheni sakho,” kusho unina. UNhlakanipho wacabanga ngazo zonke izikibha azibone esitolo, waqala ukudweba.



Emuva kwesikhathi, uyise kaNhlakanipho wayesembiza ukuba azodla isidlo sakusihlwa. UNhlakanipho wayesegqoke isikibha sakhe esisha. Wazibuka esibukweni. UNhlakanipho wakuthanda ayekubona! Wayesegijima eqonda ekhishini.



Ngenkathi uNobuhle ebona isikibha sikaNhlakanipho, wathi kunina, “Ngifuna isikibha esifana nesikaNhlakanipho!” UNhlakanipho wayesebuka unina; bamoyizela bobabili.





## Ukufunda 1

**Wayefuna isikibha esinjani uNhlakanipho?**
Wayefuna isikibha esinedayinaso noma esinemoto.

**Wamthengela isikibha esinjani uninakhulu?**
Uninakhulu wamthengela isikibha esimhlophe esingenawo umdwebo.

**Yini eyenza uphethe ngelokuthi uNhlakanipho wayedumele ngesikibha sakhe esisha?**
- Wayebukeka edumele esitolo.
- Washiya isikhwama sakhe phezu kwetafula.
- Wahlala phezu kombhede ebukeka edumele.
- Waxoxela unina ngakho konke okwakwenzekile.
- Wadweba isikibha sakhe esisha wasenza sabukeka sisihle, ngoba wayengasithandi isikibha ayesikhethelwe uninakhulu.



## Ukufunda 2

**Yini abangavumelani ngayo uNhlakanipho noninakhulu?**
- Abavumelani ngesikibha okufanele uNhlakanipho asithole.
- Abavumelani ngezinto ezithandwa ngabafana namantombazane.

**Yini unina kaNhlakanipho ayenza ukuze amsize azizwe kangcono?**
- Wamlalela ngesikhathi uNhlakanipho ezizwa edumele.
- Wamnikeza amapeni ekhokhi akhe.
- Wamtshela ukuthi akadwebe noma yini ayithandayo.

**Yini eyenza ukuthi uNhlakanipho adumale?**
- Ngoba uninakhulu akazange azamukele zonke izikibha ayezikhethile.
- Ngoba uninakhulu wamtshela ukuthi zonke izinto azithandayo ngezabafana kuphela.
- Ngoba ugogo wamtshela ukuthi kufanele athande izinto eziphinki.
- Ngoba ugogo wayengavumi ukuba uNhlakanipho azikhethele into ayithanda ngempela.

